## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa umyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifushane edlulisa umyalezi | (20) |

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. OHlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A

### INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esithi: Isikole siyayivula ingqondo yomuntu. [50]

1.2 Bayanda abafundi abangasasiqedi isikole. Bhala indaba yakho ezoveza izizathu zokungasiqedi isikole nesisombululo saloku.

1.3 Abafundi kufanele baphoqwe ukuthi benze ezemidlalo uma besesikoleni. Bhala indaba yakho ezoveza ubuhle nobubi bokuphoqa izingane ukthi zizibandakanya nezemidlalo esikoleni. [50]

1.4 Mhla ngilinde imiphumela yami yokuphela konyaka. Bhala indaba yakho ngalesi sihloko.

1.5Ukube ngangazi ukuthi kuzoba nje, ngabe .... Bhala indaba ngalesi sihloko. [50]

1.6

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Nika indaba yakho isihloko esifanele:

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**2 Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.**

**2.1 Incwadi Yobungani**

Umngani wakho omkhoze kakhulu uthuthele kwesinye isifundazwe nabazali bakhe. Izinto kazimuhambeli kahle usefuna nokuyeka isikole. Mbhalelel incwadi umgqugquzele ukuba angasiyeki isikole. [30]

**2.2 Incwadi yomsebenzi**

Usumkhulu umsebenzi omuhle owenziwe uMnu. Panday ophethe ukuziphatha kwabafundi esikoleni sakho. Bhalela uMnu. Girvin umbonge ngesinqumo sokuqasha uMnu. Panday. [30]

**2.3 i-Resiphi**

Omunye wezihlobo zakho ezibalulekile uzobe eqeda iminyaka engama-20 eshadile/eshadelwe. Manje ufuna ukumhalalisela ngokuthi umubhakele ikhekhe eliconsisa amathe. Bhala i-resiphi yakho yokwenza ikhekhe. [30]

**2.4 Ingxoxo**

Uthe uziyela ukuyokwenza umsebenzi wakho wesikole emva kwesikole emtatsheni wolwazi bangakuvumela ukuba ungene. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nesisebenzi sasemtatsheni wolwazi. [30]

**2.5 Umbiko**

Kuthe ngesikhathi isikole senu sidlala neKloof High kwaba nokunganeliseki kwabadlali ngezunqumo zikanompempe nokuholele esixakaxakeni. Bhala umbiko ngokwenzeke kulolu suku. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B:30

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**

**3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

**3.1 Isikhangisi**

Ngonyaka ozayo nizobe ninikwe ithuba lokuba nithengise imikhiqizo yenu ngosuku lokugubha ukuvulwa kwesikole. Bhala isikhangiso oyosisebenzisa ngalolu suku. [20]

**3.2 Ifeksi**

Namhlanje ubungaphathekile kahle uphethwe umkhuhlane. Umama wakho wakudlulisa kwadokotela. Ubone kufanele wazise isikole ngokuphutha kwakho esikoleni. Sebenzisa isikhahlamezi sasemsebenzini wakhe wazise isikole ukuthi awuzukuphumelela esikoleni izinsuku ezimbili. Bhala ifeksi [20]

**3..3 Isimemo**

Udadewenu omncane uyashada ngoMeyi ngonyaka ozayo kodwa akazi ukuthi ufuna isimemo sakhe somshado sibe njani. Uvele wacela wena ukuba umsungulele sona ngoba umazi kangcono. Bhala isimemo somshado.

[20]

**3.4 Imemo**

Njengoba inkampani yenu yokuhlanza isikole **Inhlanzeko Yethu,** izama ukusiza abasebenzi bayo ngokuthuthukisa abasebenzi. Wena njengomphathi osemncane ucelwe ukuba ubhale iMEMO ukhumbuze abasebenzi ngesikhathi nosuku lokuqala lwezifundo zamakhompiyutha ezizizothatha isonto lonke kusukela ngehora lokuqala. Bhala imemo. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
MAMAKI ESEWONKE: 100